

A5

A F R I C A N N A T I O N A L C O N G R E S S .

(24th M A Y, 1947).

I N K U L U M O K A M O N G A M E L I .

Umpathi Sihlalo,
noMhlangano!

Kulonyaka ka 1947 uMhlangano ka Congress namhla ngomhla ka 24 ku May sobe sihlangene okwesibili lapha e Durban. Ngo February sasilapha sizolalala izwi lika Mongameli omkhulu u Dr. A.B. Xuma o-wayevela phesheya emhlanganweni wezizwe zenke. Inkulumo ka Dr. Xuma yezwakala kamnadni kulabo ababeyilalele e Bantu Social Centre. Izwi lakhe kwaku ukuba thina njengeSizwe esinsundu lapha e South Africa kuhle sizifunele sithole abahlobo bethu bezinye izizwe. Ngoba iqawe elihamba lodwa lifela ehlane okukanye isikhumba salo singaziwa nalapho sibolela khona.

Namhlanjena kusukela ngalelolanga sekuvele okuningi okucindezele ukuba iKomidi ka Congress ibize lomhlangano ukuphuthuma ukuba sibonisane ngako. Noma udaba luka King selwedlule kodwa kufanele ukuba izwakale lendaba ngoba maningi amavukana athanda ukudunga imimoya yabantu. No Ndabazabantu bathola ithuba lokuba baphathe lowo mkhosi ngenhlela eyakhalisa abamhlophe nabamnyama. Ukucashisa izwi lesikhulo sika Zulu. Nokufihla abaholi besizwe. Nokuveza ukusira sengathithi kuyathokozwa kulelizwe, kanti sithwele inkuna emkhanda, sikhala isililo ngoba umuntu onsundu akasenayo indawo lapho enokwakha khona ahlele ngokuphumula.

Kokhulunywa ngenhlalo yabantu emapulazini, abelungu nawama Indiya, lapho umuntu sewaphendulwa wenziwa itholwa engenalizwi. Kokhulunywa ngenhlalo yalamazwe athengwe u Hulumeni ahlala abantu abaphethwe abelungu basezinkantolo. Umuntu kuthiwa onomfazi oyedwa makalime amayeka amabili. Lamazwe kwakuthiwe azokwenezela izabelo zamaKhosi. Namhla sekusobala ukuthi kakwenezelwa zabelo zamaKhosi ngoba nawo amaKhosi amnyama aphuciwe amandla lapho. Ngikhuluma nje abantu base Umzinto abantu abaseduze nekhulu baboshwa emunye wahlewuliswa ishumi lawompondwe ngokulima amesimu akhe. Nase Krantz-kop sebekhona ababekwe icala lokulima. Njengoba kuphela u May no June abantu abaningi emapulazini abelungu nakulelozwe lika Hulumeni ama Crown Lands, bazothwala inkuna bexoshwa khona. Kufuneka u Congress akhiphe izwi lakhe ukuthi uthini ngalolu udaba.

SinoMkhandlu waba Khulumeli e Pitoli ohlangana khona. Namhla u Hulumeni uthathe abathile wayohlangana nabo e Capetown wakhuluma nabo sconde ukubusa ngako. Lapha e Natal ubashiyile bonke abakhethwa amaKhosi nani bantu kodwa wathethe uMntwana u Mshiyeni ka Dinuzulu engethemba ukuthi waba khona ebeke izwi lakhe ngochambo lwakhe abuya lapho ku General Smuts ophethe umbuso. Amazwi aphume ephapheni makhulu. Ngiphawule njena ukuthi u General Smuts uvumile ukuthi sasiqinisele ukuba siwavale uMkhandlu kuze kube kabili ngoba uMkhandlu indawo yokukhuluma njena kodwa kungafezwa lutho. Nakoke lapho isibindi somuntu sifike simnike khona izicu ngoba mhla sicindezela, sidela yonke imiyalo sivala uMhlangano sithi akuze izwi elinesethembiso izihlobo zethu eziningi zomlomo zasisola zasisijikijela ngamatshe.

Sokhuluma futhi ngamaBandla azimeleyo asakazeke lonke izwe ngegama lase Zulwini ukuthi: Hambanini umhlaba worke nishumayele ukusindiswa kophendukayo. Ukungena kwalendaba emhlanganweni ka Congress kungoba kufanele amaKhosi angamalungu ka Congress akwazi ukuvikela abantu bawo ekuchathweni kwawo nabo umthetho ka Hulumeni. Umuntu oneSonto elingabhaliwe e Pretoria kanawo umthetho wokunikwa isiza endaweni yakwa Hulumeni kanti unawo owokwakha emapulazini. U-Hulumeni kamniki amethuba okuhamba esitimeleni nokuthela iwayini le-Sidlo seKosi. Kungumsebenzi ka Congress loko ukubuzela abahluphekayo.

Kufanele/.....

Kufanele sibonise ngendaba yomhlangano wezisebenzi. Seloku kwayeka ukusebenza ngamandla i I.C.U. lapha e Natal awubona li umdkandla womhlangano wezisebenzi. Akona amaconzu okuthiwa ama Trade Unions. Lawo ahlange nezinhlango zabelungu nama Indiya. Kufanele thina njengo Congress sibone ukuthi ngabe kuchubeke kanjani. IZWE LONKE liyazi ukuthi mina ngingomunye walabo abacala umhlangano we I.C.U. Nalapha e Natal yimi osahlala e Office le I.C.U. Noma iningi lizenzisa sengathithi yafa yaphela. Kodwa bangikhumbule uma sebhlophekile. Nanamhle ngisabasiza ngegama nangesithunzi se I.C.U.

Lomhlangano ka African National Congress ungibolekile njena. Iyona i I.C.U. eyangenza ngaba umholi. Uma ngikhuluma ezweni phambi kwebhlophe nabansundu angikhohlwa iyo.

Masikhulume ngokuncishiswa kwezinkomo. Noma kuzwakala kabi namhlanje uNobhala ka Congress uveze indlela ayibonayo naseke wayisebenzisa yokuthi mazithengiswe izinkomo zonke emapulazini. Khona abantu abasebenza khona bezofuna imali eningi kub i lapho umlungu wepulazi engavumi basuke epulazini lakhe babophe imithwala bayohlala endaweni ka Hulumeni noma isenkantolo noma isesabelweni bathi nakhu lapha sesikhona Hulumeni si umthwalo wakho. Uthi umuntu uze afele ndawonye ebanjwe uthando lwezinkomo kanti ubanjwe into emgilazisa umlungu ongenaso isihawu. Lolu udaba lufuna ukuphathwa ngomoya opholile nobuke kude. Ngoba nempela thina Zulu ayikho into emhlabeni eyifa ngaphandle kwenkomo. Kwala nosefundile kangakanani nonemali eBhange adlule akhonze inkomo nembuzi yakhe. "Ukwehlulwa emhlabeni umkanja" ngoba kukudlisa amanyala.

Kokhulunywa ngendlela okungase kusetshenzelwane ngayo namaNdiya. LamaNdiya afike kulelizwe engelutho. Kodwa afika apha theka kahle, anotha. Namhlanje aseseduze nabelungu ngako konke. Anemali eningi. Amanye afika nayo, amanye ayithola eselapha. Nase misebenzini aholo imali engaphezu kweyomuntu. Phakathi kwayo sekukhona ukurgezwani. Amanye athi masihlangane nawo kuthi yonke imithetho ephethe kabi thina nawo sindawonye sihlange silwe nayo. U Dr. Xuma owaye eveli waya nawo phesheya emhlanganweni weZizwe uyawancome uthi kufanele sizwane nawo ngempela kulezozindaba zokubandlulula onebala elimnyama. Ukufeza loko usenze i Committee yemihlangano ka Congress kanye n maqembu amabili elase Natal nelase Transvaal e Indian Congress.

Thina lapha e Natal sisafuna incezeko ngoba sihleli nawo amaNdiya. Impatho yawo emisebenzini nasezitolo lapho eyizinduna khona iyakhelisa. Ayalwa nomuntu ofuna ukuzenzela umsebenzi. Izinkulumbo zalawo nezitolo, nama Bus zimbi ngomuntu. Noma sithenge kangaka ezitolo zawo kafuni neze ukuba anike umuntu omnyama ukuba athengele esitolo sawo. Acome ukunike umlungu umsebenzi kunomuntu. Owomuntu umsebenzi owokuthwala amasaka nokumba imigodi. Inkulu lendaba ngoba njengeSizwe thina esehluliwe nesigcilazwayo siyazifuna izihlobo. Nark nama Joint Councils akhona abelungu abathi bayesithanda. Nanso ne Communist Party nayo ethi iyasithanda. Kufanele u Congress angesebeli kude kodwa ekhiphe izwi lakhe okufanele sihambane ngalo ekwakheni kwethu ubuhlobo nalaba abantu esakhelene nabo. Noma isenzo sika Dr. Xuma silungile noma asilungile kufanele siyixoxe lendaba ingesatshelwa kude.

Abantu abaningi sebegwala emadilobheni lapho behlaliswe khona ezinkomplazi nase mabhalekisi. Lapho bebekwa khona abelungu abanye babo abanempatho embi. Namhle lapha e Thekwini kukhona ukuxabana okukhulu phakathi kwabantu no Kopeletsheni. Singase sivuke isidumo sika 1929 lapho abantu baze bachitha igazi. Okukhulu kakhulu lapha e Thekwini lapho kuphethwe kona abantu ufumane kubekwe izinduna zeNdlu yase Ndlunkulu. Athi lapho umuntu ekhala esindiswe ngesithunzi soMntwana. Izwe lakithi elifani nemanye amazwe lapho abantwana behlezi emakhaya. Lapha kithi sigudlana nabo, sibanga nabo imisebenzi kubelungu. Konke loko kwenza ngoba siyisizwe esingenaso isikhwama saso. Sisafunzwa ababhlophe. Lapha eThekwini iNdlu ka Mpende

igcwele kuzozonke izindawo kwa Kopeletsheni. Njengoba kade kuthethwa icala lokhetho lwase Somtseu Location omunye phakathi kwabo wayephakathi kwabamangelelwa.


Ngimema AMASHOSHOZELA EZINSIZWA NEZINTOMBI abasha ukuba bafike kumhlango ka Congress bazoveza umcondo wabo. Ikakhulu labo abahlala nawo ama'ndiya nabahlala nabelungu. Abazi umcondo wezihlobo zethu. Kofika isikhathi lapho uCongress ezokhipha isimemo so'uba bafike abazihlobo zethu. Elkurcina ngicela ukuba lonyaka bonke abantu bathathe amatikiti ka Congress. Futhi banikele isikhwama sesizwe. Ubuhlobo bethu nezinye izizwe ngeke buphelele thina simpo-fu bona becebile.

16. MAY. 1947.


A.W.G. CHANTON.
UMONGAMELI KA A. N. C.

[Faint, illegible handwritten text]


MEEL
BROOD



SAVE MEAL
AND BREAD



SPAAR MEEL
EN BROOD



Awls. Champion Esq M.R. Esq,
President. A.M.C
19. Old Dutch Road
Durban

Collection Number: A922

Allison Wessels George CHAMPION Papers, 1925-1959

PUBLISHER:

Publisher:- Historical Papers Research Archive

Location:- Johannesburg

©2013

LEGAL NOTICES:

Copyright Notice: All materials on the Historical Papers website are protected by South African copyright law and may not be reproduced, distributed, transmitted, displayed, or otherwise published in any format, without the prior written permission of the copyright owner.

Disclaimer and Terms of Use: Provided that you maintain all copyright and other notices contained therein, you may download material (one machine readable copy and one print copy per page) for your personal and/or educational non-commercial use only.

People using these records relating to the archives of Historical Papers, The Library, University of the Witwatersrand, Johannesburg, are reminded that such records sometimes contain material which is uncorroborated, inaccurate, distorted or untrue. While these digital records are true facsimiles of paper documents and the information contained herein is obtained from sources believed to be accurate and reliable, Historical Papers, University of the Witwatersrand has not independently verified their content. Consequently, the University is not responsible for any errors or omissions and excludes any and all liability for any errors in or omissions from the information on the website or any related information on third party websites accessible from this website.

This document is part of a collection held at the Historical Papers Research Archive at The University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa.